Isifundo 12

** 14–20 Ndasa*

Kusuka eNyakatho neNingizimu Kuye Ezweni Elihle

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
Daniyeli 11; Daniyeli :3-8, 20-22; Isaya 46:10; Daniyeli 8:9, 23; Mathewu 27:33-50.

Indimana Yekhanda:
"Abanye kwabahlakaniphileyo bayakuwa ukuba bacwengisiswe, bahlanzwe, benziwe mhlophe kuze kube sesikhathini sokuphela, ngokuba kusezakuba sesikhathini esimisiweyo" (Daniyeli 11:35)

Njengoba siqala lesahluko esiyinselele, sidinga ukwenza amaphuzu ambalwa kwasekuqaleni-nje. Okokuqala, uDaniyeli 11 unokufanayo neziprofetho ezingaphambili kuDaniyeli. Njengoba kunjalo ezahlukweni 2, 7, 8 no 9, isigijimi sesiprofetho sidonsa kusukela ezinsukwini zomprofethi kuze kube sekupheleni kwesikhathi. Okwesibili, kuvela ukulandelana kwemibuso yomhlaba, imibuso eyayivame ukucindezela abantu bakaNkulunkulu. Okwesithathu, isiprofetho ngasinye, siphetha ngendlela emnandi. KuDaniyeli 2, itshe liqothula isithombe esakhiwe ngokusansimbi; kuDaniyeli 7, iNdodana yoMuntu yamukela umbuso; kanti kuDaniyeli 8 no 9, indlu engcwele yasezulwini iyahlanjululwa ngomsebenzi kaMesiya.

Isahluko 11 silandela amaphuzu amathathu ayisisekelo. Elokuqala, siqala ngamakhosi asePheresiya, silande ngokuzokwenzeka kuwona, nesikhathi sokuphela, lapho inkosi yasenyakatho ihlasela intaba eNgcwele kaNkulunkulu. Elesibili, uchungechunge lwezimpi phakathi kwenkosi yasenyakatho neyaseningizimu, nomthelela wazo ebantwini bakaNkulunkulu uyachazwa. Elesithathu, siphetha kamnandi njengoba inkosi yasenyakatho seyibhekene nesiphelo sayo ngase "ntabeni enhle nengcwele" (Daniyeli 11:45). Isiphetho esihle kanje sisho ukuphela kobubi nokumiswa kombuso kaNkulunkulu waphakade.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika 21 Ndasa.*

Iziprofetho NgePheresiya neGrisi

Funda kuDaniyeli 11:1-4. Sibonani lapha, olusikhumbuza ngezinye iziprofetho zangaphambili zikaDaniyeli esesizibonile?

UGabriyeli utshela uDaniyeli ukuthi kuzovuka amakhosi amathathu ePheresiya. Ayolandelwa eyesine, eyoceba kunawo wonke, futhi ichukuluze amaGriki. Ngemuva kukaKoresi, kwalandela amakhosi amathathu asebenzisa amandla awo phezu kwePheresiya: uKhambisise (530-522 B.C.), uSmerdis (522 B.C.), kanye noDariyu I (522-486 B.C.). Inkosi yesine ngu Zeksis, obizwa encwadini kaEsteri ngokuthi uAhashiveroshi. Ucebile kakhulu (Esteri 1:1-7). Waphaka impi enkulu ukuthi ihlasele iGrisi njengoba kwakuprofethiwe. Kodwa, phezu kwamandla akhe onke, wathola imbibizane emabuthweni amaGriki ayenempi encane kodwa enesibindi. Akuyona into elukhuni ukuhlonza uAlexander the Great njengenkosi enamandla eyaqhamuka kuDaniyeli 11:3, neyabusa wonke umhlaba jikelele, wasendulo. Eseneminyaka engu 32 nje, wafa, akashiya indlalifa ezobusa esikhundleni sakhe. Ngakhoke umbuso wakhe wehlukaniselwa abaholi bempi yakhe abane: uSeleucus owayezobusa phezu kweSiriya neMesapotamiya; uPtolemy owayezobusa eGibhithe; uLysimachus owayezobusa eThrace nezinxenye ze Asia Minor; kanye noCassander owayezobusa eMakhedoniya naseGrisi.

Qhathanisa uDaniyeli 11:2-4 noDaniyeli 8:3-8, 20-22. Lezindimana sezihlangene, zisiza kanjani ukuhlonza u Alexander njengalenkosi okukhulunywa ngayo lapha?

Singafundani kulenhlanganisela yamagama, izinsuku, izindawo, nezigameko zomlando? Okokuqala, sifunda ukuthi isiprofetho sigcwaliseka njengoba kwaprofethwa yisithunywa sezulu. IZwi likaNkulunkulu alehluleki. Okwesibili, uNkulunkulu uyiNkosi yomlando. Singase sithole umqondo wokuthi ukulandelana kwabasemagunyeni kwezombusazwe, abaholi, nemibuso kwenziwa yizifiso zababusi, ozwilakhe, nawosombusazwe abehlukene. Kodwa, iBhayibheli liveza ukuthi uNkulunkulu uYena ophethe amatomu, uzoshayela inqola yomlando ngokwenhloso yaKhe engcwele, eyokuthi ekugcineni iholele ekusishulweni kobubi nokumiswa kombuso kaNkulunkulu ongunaphakade.

Iziprofetho NgeSiriya neGibhithe

Funda kuDaniyeli 11:5-14. Kwenzekani lapha?

Ngokufa kuka Alexander the Great, umbuso omkhulu waseGrisi wehlukaniselwa abakhuzi bempi yakhe abane. Ababili babo—uSeleucus eSiriya (iNyakatho) noPtolemy eGibhithe (iNingizimu)—bakwazi ukwakha imibuso eyayizokulwa yodwa kubangwa umhlaba.

Abafundi beBhayibheli abaningi babona izimpi ezaziphakathi kwenkosi yasenyakatho neyaseningizimu ezaprofethwa kuDaniyeli 11:5-14, ngokuthi zisho izimpi eziningi ezazibandakanya lemibuso emibili. Ngokwesiprofetho, kwakuzokwenziwa umzamo wokuyihlanganisa lemibuso ngokushadiselana, kodwa lobo buhlobo kwaba okwesikhashana (Dan. 11:6). Imithombo yomlando isitshela ukuthi uAntiochus II Theos (261-246 B.C.) umzukulu kaSeleucus I, washada uBerenice, indodakazi yenkosi yaseGibhithe uPtolemy II Philadelphus. Kodwa, leso sivumelwano asihlalanga isikhathi eside, nempi eyayibandakanya nabantu bakaNkulunkulu yaqala phansi ngokushesha. Kanjalo-ke, uDaniyeli 11 ukhuluma ngezinye izigigaba ezibalulekile ezazizothinta izimpilo zabantu bakaNkulunkulu emakhulwini eminyaka ngemuva kokufa kukaDaniyeli.

Futhi-ke, singabuza umbuzo othi kungani uNkulunkulu embula ngaphambi kwesikhathi yonke lemininingwane ngezimpi ezihlanganisa imibuso ebanga ubukhulu kuleyonxenye yomhlaba. Silula isizathu: lezimpi zichaphazela abantu bakaNkulunkulu. UNkulunkulu-ke umemezela ngaphambi kokuthi zenzeke lezinselele ezizobhekana nabantu baKhe eminyakeni ezayo. Futhi, uNkulunkulu uyiNkosi yomlando, njengoba uma siqhathanisa okuprofethiwe nokwenzeka emlandweni, siyabona ukuthi izwi lesiprofetho ligcwaliseka njengoba laliprofethiwe. LoNkulunkulu osho ngaphambili okwakuzokwehlela leyo mibuso yamaGriki elwa yodwa, unguNkulunkulu owazi ikusasa. Ufanelekile ukuthi simethembe, simkholwe. UNkulunkulu omkhulu lo, hhayi isithixo esenziwe ngokomcabango womuntu. Akagcini ngokuqondisa indlela umlando ozohamba ngayo, kodwa uyakwazi nokuqondisa izimpilo zethu uma simvumela.

Funda kuIsaya 46:9, 10. Kutholakala isifundiso esingakanani ngoNkulunkulu kulezindimana ezimbili, futhi yithemba elikhulu kangakanani esingalithola kuzona? Cabanga ukuthi ibingashayisa uvalo olungakanani indimana yeshumi ukuba uNkulunkulu ubengenawo umusa nothando, kodwa enempindiselo nolaka.

IRoma Nesikhulu Sesivumelwano

Funda kuDaniyeli 11:16-28. Nakuba lesicaphuno silukhuni-nje, yimiphi imifanekiso ephinde itholakale kwezinye izindawo kuDaniyeli?

Uguquko ekuphatheni, kusuka emakhosini amaGriki kuye kwiRoma eyayingakholwa, kubonakala kuDaniyeli 11:16: "Kepha omsukelayo uyakwenza njengentando yakhe, akakho oyakuma phambi kwakhe; uyakuma ezweni elihle, abhubhise ngesandla sakhe." Izwe elihle yiJerusalema, indawo lapho kwakuhlala khona uIsrayeli wasendulo, kanti umbuso omusha ophathayo kuleyo ndawo iRoma elingakholwa. Lesigameko siphinde sisithole ekwenabeni ngokuvundla, kophondo oluncane, olufinyelela ezweni elihle (Dan. 8:9). Kusobala ukuthi umbuso ophethe emhlabeni ngaleso sikhathi iRoma elingakholwa. Ezinye izinkomba eBhayibhelini ziyakufakazela lokhu. Isibonelo: "Lowo othi akukhokhwe intela" kuzokuba uKhesari Awugustu. Kwakungesikathi sokubusa kwakhe kwakuzalwa uJesu, ngesikhathi uMariya noJosefa behamba beya eBethlehema ukuyobalwa (Dan. 11:20). Kanti futhi, ngokusho kwesiprofetho, lenkosi yayizolandelwa "odelelekileyo" (Dan. 11:21). Njengoba utshengisa umlando, uAwugustu walandelwa ngu Tiberiyu, indodana kaAwugustu angayizali. UTiberiyu wayedume ngokuba umuntu owedelelekile, onesihluku.

Okubaluleke kakhulu, ngokusho kweBhayibheli, kwakuzokuba ngesikhathi sokubusa kukaTiberiyu lapho "isikhulu sesivumelwano" sasiyobulawa (Dan. 11:22). Lokhu kukhomba ngokusobala ekubethelweni kukaKrestu, ophinde abizwe ngokuthi ngu"Mesiya isikhulu" (Dan. 9:25); bheka noMathewu 27:33-50), njengoba wabulawa ngombuso kaTiberiyu. Okubhekise kuJesu lapha njenge "sikhulu sesivumelwano" kuyinkomba enkulu esisizayo sibone ukulandelana kwezigigaba zomlando, kubuye kunike abafundi ubufakazi obunamandla bokwazi ngaphambili kukaNkulunkulu okumangalisayo. UNkulunkulu ubeshaya khona kukho konke okwenzeka ngaphambili kuleziprofetho, ngakhoke singamethemba ngokuphelele ngalokho athi kusazokwenzeka esikhathini esizayo.

Naphakathi kwakho konke okwenzeka kwezombusazwe nezomlando, uJesu waseNazaretha, "isikhulu sesivumelwano," uyembulwa ezindimaneni. Lokho kusisiza kanjani ukutshengisa ukuthi nakuba kukhona yonke leminyakazo kwezombusazwe, uJesu useyiNgqikithi yemiBhalo?

Umbuso Olandelayo

Funda kuDaniyeli 11:29-39. Yimuphi lombuso ovela ngemuva kweRoma engakholwa na?

UDaniyeli 11:29-39 ukhuluma ngohlelo olusha lokubusa. Nakuba loluhlelo luqhubeka njalo neRoma engakholwa, futhi lunezinye zezimpawu zombuso ongaphambi kwawo, ubonakala wehlukile kweminye imikhakha. IBhayibheli lithi ngeke ufane neyayingaphambi kwawo, futhi neyolandela (Dan. 11:29). Uma siqhubeka subuka, sithola ukuthi usebenza njengombuso wezenkolo. Uqondise kakhulu ukuhlasela kwawo ebantwini bakaNkulunkulu. Ake sibuke ezinye izenzo zalenkosi.

Okokuqala, "iyothukuthelela isivumelwano esingcwele" (Dan. 11:30). Lokho kuqondise esivumelwaneni sikaNkulunkulu sosindiso, lenkosi esiphikisayo. Okwesibili, lenkosi izokuba nezimpi "eziyongcolisa indlu engcwele" zisuse "umnikelo oshiswa imihla yonke" (Dan. 11:31). Siphawulile kuDaniyeli 8 ukuthi uphondo oluncane luphonsa phansi isisekelo "sendlu engcwele" kaNkulunkulu lususe "nemihlatshelo yemihla yonke" (Dan. 8:11). Lokhu asikuthathe njengokuhlaselwa kwenkonzo eyenziwa nguKrestu endlini engcwele yasezulwini.

Okwesithathu, lenkosi ibeka "isinengiso esichithayo" ethempelini likaNkulunkulu. Uma kubekwa ngenye indlela ethi "isiphambeko esichithayo" kukhomba izenzo zohlubuko lophondo oluncane (Dan. 8:13). Okwesine, lenkosi uhlupha abantu bakaNkulunkulu: "abanye kwabahlakaniphileyo bayakuwa ukuba bacwengisiswe, bahlanzwe, benziwe mhlophe kuze kube sesikhathini sokuphela" (Dan. 11:35). Lokhu kusikhumbuza uphondo oluncane, olwalahlela phansi okunye kwebandla, okwezinkanyezi, lwakunyathela (Dan. 8:10; qhathanisa no Dan. 7:25). Okwesihlanu, lenkosi "izoziphakamisa, izikhulise phezu kwabo bonke onkulunkulu, ikhulume okumangalisayo ngoNkulunkulu wawonkulunkulu" (Dan. 11:36). Akumangalisi ukuthi uphondo oluncane lukhuluma "amazwi ngoPhezukonke" (Dan. 7:8), luhlambalaze noNkulunkulu (Dan. 7:25).

Singakhuluma nangokunye okufanayo, kodwa ngenxa yalokho esikufunde kuDaniyeli 7 no 8, ubani lenkosi, futhi kubaluleke ngani kithina, ukuthi nakuba kunezingcindezi emphakathini, singangabazi ukuyisho ukuthi ingubani?

Izigameko Zokugcina

Funda kuDaniyeli 11:40-45. Kwenzekani lapha?

Lemisho elandelayo iyasisiza ukuqonda lezindimana: Isikhathi sokuphela: Lamazwi avela encwadini kaDaniyeli kuphela (Dan. 8:17; Dan. 11:35, 40; Dan. 12:4, 9). Ukuhlolisisa iziprofetho zikaDaniyeli kutshengisa ukuthi isikhathi sokuphela siqala kusukela ekuweni kukaPhapha ngo 1798 kuze kube ukuvuswa kwabafileyo (Dan. 12:2). Inkosi yaseNyakatho: leligama, okokuqala lichaza indawo yombuso wama Seleucid, kodwa futhi libhekise eRoma engakholwa nakuyo engaphansi kukaPhapha. Ngalendlela-ke, alichazi indawo ethile, kodwa isitha senkolo yabantu bakaNkulunkulu. Phezu kwalokho, sidinga ukuphawula futhi ukuthi inkosi yaseNyakatho imele unkulunkulu mbumbulu, lowo ngokomfuziselo, obandakanywa neNyakatho eBhayibhelini (Isaya 14:13). Inkosi yaseNingizimu: Leligama okokuqala, lisho amakhosi awuzalo lukaPtolemy eGibhithe, eningizimu neZwe Elihle. Kodwa ngokuqhubeka kwesiprofetho, lithatha umkhakha wezenkolo, bese libandakanywa abathile, nokungakholwa kuNkulunkulu. U-Ellen G. White unanela ngokubhekise eGibhithe uthi kuSambulo 11:8, athi: "Lokhu, ukungakholwa kuNkulunkulu."—The Great Controversy, ikhasi 269. Intaba Enhle: Ezikhathini zeTestamente eliDala lamazwi ayesho iZiyoni, inhloko-dolobha nenhliziyo kaIsrayeli, eyayisezweni lesithembiso. Ngemuva kokubethelwa kukaJesu, abantu bakaNkulunkulu abasachazwa ngobuzwe nendawo abahlala kuyona. Ngakhoke, intaba engcwele isho umfuziselo ochaza abantu bakaNkulunkulu abasakazeke emhlabeni.

Mhlawumbe singahumusha izigameko kanje:

(1) Inkosi yaseNingizimu ihlasela inkosi yaseNyakatho: i-French Revolution yazama ukusiphula nezimpande inkolo, inqobe nombuso kaPhapha kodwa yehluleka. (2) Inkosi yaseNyakatho ihlasela, yehlula inkosi yaseNingizimu: amabutho ezenkolo aholwa nguPhapha, kanye nabasizi bawo, bayogcina beyinqobile impi yokungakholwa kuNkulunkulu, benze umbimbi namabutho anqotshiwe. (3) I-Edomu, iMowabi, nezikhulu zakwa-Amoni bayophunyuka: abanye kulabo abangabalwa nabantu bakaNkulunkulu abaqinisekile, bayozihlanganisa nesibaya ngehora lokugcina. (4) Inkosi yaseNyakatho ilungisela ukuhlasela intaba engcwele, kodwa lokho kuba yisiphelo sayo: amabutho obubi ayanqotshwa, umbuso kaNkulunkulu uyasekelwa.

Singaduduzeka kanjani ekwazini ukuthi, ekugcineni, uNkulunkulu nabantu baKhe bayonqoba?

Ukujula Nomcabango:

Kuyathathekisa ukuthi maqondana noDaniyeli 11:29-39, uMartin Luther wahlanganisa isinengiso sokuchithwa kuDaniyeli 31, nokubusa kukaPhapha nezimfundiso zakhona nemikhuba yakhona. Ngakhoke, ukufana kukaDaniyeli 11 noDaniyeli 7 no 8 kufakazela umbono kaLuther nabanye abahlaziyi bamaProtestandi othi izinhlelo zikaPhapha nezimfundiso zakhona, ziwukugcwaliseka kwaleziprofetho emlandweni. Maqondana nalokhu, uEllen G. White uthi: "Akukho bandla lapho kwakubusa khona iRoma elayekwa isikhathi eside lizikhonzela ngonembeza okhululekile. Masinyane-nje umbuso kaPhapha uthole amandla, welula izingalo zawo ukucindezela yonke into eyayingafuni ukwamukela intando yakhe, kanjalo, amabandla athobela ukubusa kwakhe elandelana elinye ngemuva kwelinye."—*The Great Controversy*, ikhasi 62.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Singenze njani ukungalimazi imizwa yabanye abantu, kodwa ngaso leso sikhathi singananazi ngokufundiswa yiBhayibheli mayelana nendima yeRoma ezinsukwini zokugcina na?

2. UDaniyeli 11:33 uthi: "Abahlakaniphileyo babantu bayakuqondisa abaningi, kepha bayakuwa ngenkemba, nangelangabi, nangokuthunjwa, nangokuphangwa." Lendimana ithini ngalokho okuyokwehlela abanye abantu bakaNkulunkulu abathembekile? Ithini futhi lendimana ngokwenziwa abanye balabo abathembekile ngaphambi kokuthi bafele inkolo yabo? Lokho kusiphathele siphi isigijimi thina namhlanje?

3. UDaniyeli 11:36 uthi: "Inkosi iyakwenza njengentando yayo, iziphakamise, izikhulise phezu kwabo bonke onkulunkulu, ikhulume okumangalisayo ngoNkulunkulu wawonkulunkulu, ibe nenhlanhla luze luphelele ulaka, ngokuba okumisiweyo kuyakwenziwa." Lokhu kukukhumbuzani noma ubani? (bheka uIsaya 14:12-17; no 2 Thesalonika 2:1-4.)

4. UDaniyeli 11:27, 29 kanye no 35 basebenzisa amazwi athi lammo'ed, noma "ngesikhathi esinqunyiweyo." Kusitshelani lokho futhi, ngamandla kaNkulunkulu phezu komlando na?